

Ikhasi loku- 1 kwayisi- 5

Sastri College

AEQUAM SERVARE MENTEM

ISIKHUNGO SEZILIMI  
ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA  
UKUHLOLWA KUKANDASA (MARCH EXAM) 2018  
ITHASKHI YESINE

IBANGA LESHYAGALOMBILI (GRADE 8)

Umhleli: Z. Nzama  
Umklomelo: 40

Umcebunguli: NZZondi  
Isikhathi: Ihora elilodwa.

**IMIYALELO KWABAHLOLWAYO**

1. Iphepha linamakhasi ayisi- 5
2. LineziQEPHU ezintathu:
  - ISIQEPHU A: ISIFUNDO SOKUQONDISISA. [20]
  - ISIQEPHU B: UKUFINGQA [10]
  - ISIQEPHU C: UHLELO NOKUSETSHENZISWA KOLIMI. [10]
3. Fundisisa yonke imibuzo ngaphambi kokuphendula.
4. Phendula yonke imibuzo.
5. Qala isisqephu ngasinye ekhasini ELISHA.
6. Ungaziguquli izinombolo zemibuzo zibhale zinjengoba zinjalo.
7. Qaphela isipelingi Kanye nokwakheka kwemisho.
8. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.
9. Hlela isikhathi sokuphendula ngale ndlela ekhonjisiwe:  
**ISIQEPHU A: IMIZUZU ENGAMA- 20**  
**ISIQEPHU B: IMIZUZU ENGAMA- 20**  
**ISIQEPHU C: IMIZUZU ENGAMA- 20**

Pheqa ikhasi

ISIQEPHU: A

UMBUZO 1

**Incwadi Ngempumelelo Yabansundu**

**Bongiwe Zuma.**

Ufuna ukwakha osomabhizinisi abazimele obhale incwadi ethi *Think Excellence* ekhuluma ngempumelelo yabantu abamnyama namandla abanawo okwenza imisebenzi emikhulu.

**UMnu.** Fortune Nkwanyana (26) ungowokuzalwa KwaDukuza wakhulela kwaMaphumulo kodwa usezinze eWestville uthule ngokusemthwethweni incwadi ngesonto eledlule kwelinye lamahhotela eThekwini. Incwadi yakhe isithathe ngisho osaziwayo okubonakala iningi labo likhuluma ngayo nasezinkundleni zokuxhumana.

UNkwanyana uthi, i *Think Excellence* uyiqondise kubantu abamnyama abalahlekelwe yithemba nabafuna ukuba nekusasa elingcono. UNkwanyana ophinde abe ngumnikazi weBlue Fortune Communications ethuthukisa amabhizinisi uthi ukungazethembi yikho okwenza abantu baphuze ukuphumelela empilweni njengokusungula amabhizinisi. “Ngisebenzisa nezibonelo ngomlando wamaqhawe abantu abamnyama abasungula izinto ezinkulu eziwusizo namanje. Ngikhuluma nangezinto ezithinta impilo, ngiveza nezingqinamba engibhekane nazo ngesikhathi ngiqala ukungena ebhizinisini.”

“Maningi amabhizinisi abantu abangawasungula, inkinga wuvalo nokungazethembi. Kodwa ngezinhlalo enginazo ngiyabacathulisa. Le ncwadi izobalekelela ngamasu okuqala izinto eziphumelelayo empilweni,” kusho uNkwanyana. Uthe noma incwadi yakhe isitholakala ezitolo ezidayisa izincwadi kodwa akagxilile kakhulu ekwenzeni imali njengoba eseqale umkhankaso wokunikelela izikole. Lo mkhankaso obizwa ngokuthi yi-One book, One child, inhloso yawo ukugqugquzela ukufunda entsheni kanjalo nokuzimela njengoba incwadi yakhe inamasu okuzithuthukisa.

Ngaphandle kwencwadi kunohlelo lwethelevishini asanda kuphothula ukuyiqopha oluzobé lukhuluma ngokusungulwa kwamabhizinisi luphinde lusize osomabhizinisi abasafufusa ukukhulisa amabhizinisi abo. Uphethe ngokuthi maduze nje, uzobhala incwadi ezogxila kwezamabhizinisi kuphela.

*Icashunwe ephephandabeni, Isolezwe*

**Phenya ikhasi**

### Ikhasi lesi-3 kwayi- 5

- 1.1 Ibhalwe ngubani le ndaba? (1)
- 1.2 Imayelana nani incwadi ekukhulunywa ngayo endabeni? (1)
- 1.3 Khetha igama elifanele ngezansi:
- 1.3.1 Abantu abansundu ( abamhlophe, abamnyama, abahle). (1)
- 1.3.2 UMnu. Fortune Nkwanyana ungowokuzalwa ( kwaMaphumulo, eMlazi, kwaDukuza. (1)
- 1.3.3 Igama elimqondofana naleli elithi, 'usomabhizinisi' ( ummeli, umbhali, usomashishini.) (1)
- 1.4 UNkwanyana ungosomabhizinisi. Amanga noma yiqiniso. Sekela impendulo yakho. (2)
- 1.5 Nikeza igama le ncwadi ebhalwe uMnu. Fortune Nkwanyana. (1)
- 1.6 Bhala igama eliphelele lalesi sifinyezi esibhalwe ngokugqamile endimeni yesibili. (1)
- 1.7 Iyini inhloso yomkhankaso obizwa nge-One book? (2)
- 1.8 Bhala izinkundla ezimbili zokuxhumana ozaziyo. (2)
- 1.9 Ukuphumelela kwabantu abansundu kungalethani ezweni? (1)
- 1.10 Yini enhle ngokuba usomabhizinisi? (1)

**Amamaki Esiqephu A: [15]**

**Pheqa ikhasi**

ISIQEPHU B: Ukufingqa

UMBUZO 2

Funda isiqeshana ngezansi bese usifingqa ngamagama ayi- 10 kuya kwangama- 20.

**ULWAZI LWEZOKUPHATHWA KWEZAMABHIZINISI**


Baningi kakhulu abesifazane abafundile, nakuba bengalandelanga umkhakha wezamabhizinisi ezifundweni zabo.UMnyango weNtuthuko uyakukhuthaza ukuba abesifazane bathuthukise ulwazi lwabo kwezamabhizinisi ngokuthintana nabezikhungo zemfundo ephakeme eziseduze kwabo. Singalibali nokuthi zikhona nezifundo ezithatha isikhathi esingaba yizinyanga ezimbalwa.

Amamaki Esiqephu B: [10]

ISIQEPHU C: Uhlelo Lokusetshenziswa Kolimi

UMBUZO 3

Funda ikhathuni bese uphendula imibuzo ezolandela ngezansi



Phenya ikhasi

- 3.1 Bhala ubunye bamagama alandelayo:
- 3.1.1 Amavuvuzela. (1)
  - 3.1.2 Amasekeni. (1)
- 3.2 Hlobo luni lwesandiso lolu?
- 3.2.1 kakhulu. (1)
  - 3.2.2 Kuyisonto. (1)
- 3.3 Guqula umusho olandelayo ube senkathini ezofika.
- “Ngingazenzela inzuzo ngokudayisa amasekeni amasha amavuvuzela.” (2)
- 3.4 Nciphisa igama ‘ithuba’ (1)
- 3.5 Kungani ebonga umama osenkulumweni yesikhombisa? (2)
- 3.6 Bhala isihlanganiso esisenkulumweni yesine. (1)

[10]

Amamaki Esiqephu C: [10]

AMAMAKI ESEWONKE : [40]

